Isifundo 1

**Mandulo 30—October 6*

UmPostoli uPawule ERoma



ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

Rom. 15:20–27, Zenzo 28:17–31, Fil. 1:12, Rom. 1:7, Efesu 1, Rom. 15:14.

Indimana Yekhanda:

"Okokuqala, ngibonga uNkulunkulu wami ngoJesu Kristu ngani nonke, ngokuba ukukholwa kwenu kukhulunywa ngako emhlabeni wonke" (Romans 1:8, NKJV).

Kusemqoka kumfundi wencwadi yabaseRoma ukuba aqonde umlando wayo. Ingqikithi isemqoka ngasosonke isikhathi lapho ufuna ukuqonda Izwi likaNkulunkulu. Siyadinga ukuba sazi futhi siqonde ngezinto okwakukhulunywa ngazo. UPawule wayebhalela amaKristu athile ngesikhathi esithile nangesizathu esithile; ukwazi lesosizathu kangangokuba sinako kuzoba nenzuzo enkulu ekufundeni kwethu.

Ngalokho-ke, akesibuyele emuva ngesikhathi. Masizithwale siye kwiRoma leminyaka eyikhulu lokuqala, sibengamalungu ebandla lapho, futhi, njengamalungu ebandla lekhulu lokuqala, akesilalele uPawule kanye namazwi uMoya oNgcwele amnikeza wona ukuba awethule kumakholwa eRoma. Kepha nokuba lezizindaba ayekhuluma ngazo zibhekene nalesosimo sangalesosikhathi kanye nendawo, izimiso—kulokhu umbuzo wokuthi Umuntu usundiswa kanjani na?—zithinta izwe lonke. Yebo, UPawule wayekhuluma nabantu abathile; futhi yebo, wayenodaba oluthile emqondweni wakhe lapho ebhala lencwadi. Kodwa njengoba sazi, eminyakeni eminingi elandelayo esikhathini nengqikithi eyehluke kakhulu, amazwi awaloba ayefanelekile ku-Martin Luther njengoba ayenjalo kuPawule ngenkathi eqala ukuwabhala. Futhi asafanelekile nakithina namuhla.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-October 7.*

Imncwadi kaMpostoli UPawule

AbaseRoma 16:1, 2 baveza ukuthi kusenokuba uPawule wabhala abaseRoma ese-Cenchreae Idolobha lamaGriki, eliseduze ne-Corinth. Ukubalula kwakhe u-Phoebe, uhlala wase-Corinth, kubeka leyondawo njengokungaba iyo eyimvelaphi yalencwadi eya kwabaseRoma. Enye yezinhloso zokuthola ukuthi Yiliphi Idolobha elingumsuka wezincwadi zeTestamente Elisha ngeyokuqinisekisa isikhathu sokubhala. Ngenxa yokuthi uPawule wayehamba kakhulu, Ukwazi ukuthi wayekuphi ngesikhathi esithile kusinikeze usikisela nesikhathi. UPawule waseka ibandla e-Corinth ohambweni lwakhe lwesibili lwezovangelo, A.D. 49-52 (bheka iZenzo 18:1-18). Ohambeni lwakhe lwesithathu A.D. 53-58, wavakashela futhi i-Greece (Zenzo 20:2, 3) futhi wamukela umnikelo wabangcwele eJerusalema ngasekupheleni kohambo lwakhe (Rom. 15:25, 26). Ngalokho-ke Incwadi eya kwabaseRoma yabhalwa mhlawumbe ezinyangeni zokuqala zika-A.D. 58.

Yimaphi amanye amabandla abalulekile awavakashela uPawule ohambweni lwakhe lwesithathu lwezovangelo na? Zenzo 18:23.

Evakashela amabandla aseGalathiya, uPawule wathola ukuthi ngenkathi engekho abafundisi bamanga babevumise amalungu ukuba azinikele ekusokeni futhi agcine ezinye izimiso zomthetho kaMose. Esaba ukuthi ababemelene naye bangafika eRoma ngaphambi kokuba afike, uPawule wabhala Incwadi (AbaseRoma) ukugwema ingozi efanayo ukuba yenzeke eRoma. Kuyakholakala ukuthi Incwadi yabaseGalathiya nayo yabhalwa e-Corinth ngesikhathi sezinyanga Ezintathu uPawule elapho ohambweni lwakhe lwesithathu, noma maduzane ekufikeni kwakhe. “Encwadini yakhe kwabaseRoma, uPawule ubeka izimiso ezinkulu zevangeli. Wabeka ukuthi umi kuphi embuzweni owawuhlupha amabandla amaJuda kanye nawabeZizwe, futhi wakhombisa ukuthi amathemba kanye nezithembiso okwakukade kungezamaJuda manje zazinikezwe nabezizwe futhi.”—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles,* p. 373. Njengoba besesishilo, kusemqoka ekufundeni noma Iyiphi Incwadi yeBhayibheli ukuba sisazi isizathu sokubhalwa kwayo; okungukuthi, isimo eyayikhulumisana naso. Yingakho kusemqoka ukuba siqonde ngeNcwadi eya kumaRoma Ukwazi ukuthi Iyiphi Imibuzo eyayizamazamisa amabandla amaJuda nawabeZizwe. Ngeviki elizayo isifundo sizobhekana nalemibuzo.

Yiziphi izinto ezizamazamisa ibandla kumanje na? Lezizingozi ngabe zingaphandle kakhulu kunokuba zibe ngaphakathi na? Iyiphi indima oyidlalayo kulezizinkulumo-mpikiswano na? Sekukangaki uma uhlaziya indima yakho, ukuma kwakho, umoya wakho kunoma yimuphi Umshikashika obhekene nawo na? Kungani lokhu kuzihlola kusemqoka kakhulu na?

Isifiso SikaPawule Sokuvakashela ERoma

Akungabazeki ukuthi ukuxhumana ngokubonana iyona ndlela engcono kunazozonke ezikhathini eziningi. Singashaya ucingo, sithumele i-email, ama-sms, kanye no-Skype, kodwa ubuso nobuso, inyama nenyama, iyona ndlela engcono kunazozonke zokuxhumana. Yingakho uPawule amemezela encwadini yakhe kwabaseRoma ukuthi weyehlose ukubabona yena siqu. Wayefuna bazi ukuthi wayeza, kanye nesizathu sokuza kwakhe.

Funda abaseRoma 15:20-27. Yiziphi izizathu azinikezayo uPawule zokungavakasheli eRoma ngaphambili na? Yini eyamenza anqume ukuya ngesikhathi aya ngaso na? Uvangelo lungumongo kangakani emcabangweni wakhe na? Yini esingayifunda ngezovangelo kanye nokufakaza kumazwi kaPawule lapha na? Yiliphi iphuzu elithathekisayo—nelisemqoka—uPawule alenzayo kumaRoma 15:27 mayelana namaJuda nabezizwe na?

Umvangeli omkhulu kwabeZizwe wayezizwa njalo eqhutshwa ngukuthatha ivangeli alise ezindaweni ezintsha, eshiya abaye ukuba basebenze lapho ivangeli laselimiselwe khona. Ezinsukwini lapho ubuKristu babusebusha nabasebenzi bembalwa, kwakuyoba ngukuchitha amandla okuvangela kuPawule ukuba asebenze ezindaweni esezivangeliwe. Wathi, "Ngalokho ngangihlose ukushumayela ivangeli kungabi lapho uKristu aziwa khona, ukuze ngingakhi phezu kwesisekelo somunye," ukuze "labo abangezwanga baqonde" (Rom. 15:20, 21). Kwakungeyona inhloso kaPawule ukuhlala eRoma. Kwakungumgomo wakhe ukuba avangele e-Spain. Wayenethemba lokuthola ukuphaswa ngamaKristu aseRoma kulomsebenzi.

Yisiphi isimiso esisemqoka esingazithathela sona mayelana nezovangelo kulokhu kokuthi uPawule wafuna usizo ebandleni elisekiwe ukuze avangele indawo entsha na?

Funda futhi kwabaseRoma 15:20-27. Qaphela isifiso esikhulu sikaPawule sokuvangela nokusebenza. Yini ekuqhubayo kanye nezenzo zakho na? Kungakanani ukusebenza kwakho okuphuma enhliziyweni na?

UPawule ERoma

“Sesifikile eRoma, umphathi wekhulu wanikela kumphathi webutho; kepha uPawule wavunyelwa ukuba ahlale yedwa enebutho elimlindayo” (Zenzo 28:16, NKJV). Lendimana isitshelani ngendlela uPawule agcina efike ngayo eRoma na? Yisiphi isifundo esingasithola kulokhu mayelana nezinto ezingalindelekile nezingafuneki ezivame ukusehlela na?

Yebo, uPawule wagcina efikile eRoma, nakuba esefika njengesiboshwa. Kuvamile ukuba amacebo ethu angafezeki ngendlela esilindele ngayo, nembala kanye nalawo esihlela ngezinhloso ezinhle kakhulu. UPawule wafika eJerusalema ekupheleni kohambo lwakhe lwesithathu nomnikelo wabampofu, ayewuqoqe kumabandla ase-Europe nawase-Asia Minor. Kepha izigameko ezingalindelekile zazimlindile. Waboshwa. Eseboshwe iminyaka emibili e-Caesarea, wacela ukuba adluliselwa ku-Caeser. Eminyakeni emithathu emuva kokuboshwa kwakhe, wafika eRoma, mhlawumbe kungeyona indlela ayeyihlosile ngenkathi ebhalela ibandla laseRoma ngenhloso yakhe yokuvakashela ibandla khona.

Izenzo 28:17-31 zisithelani mayelana nesikhathi sikaPawule eRoma na? Okubaluleke kakhulu, yisiphi isifundo esingasifunda kulokho na?

“Hhayi ngezintshumayelo zikaPawule, kepha ngezibopho zakhe, lapho inkundla yadonseleka kakhulu kubuKristu. Kwakungokuba yisiboshwa lapho akwazi ukugqabula kwimiphefumulo eminingi izibopho zobugqili besono. Akugcinanga lapho. Wamemezela: ‘Abazalwane abaningi eNkosini, beqiniswa wukuboshwa kwami, banesibindi kakhulu sokukhuluma izwi ngaphandle kokwesaba.’ Filiphi 1:14.”—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, p. 464.

Sekukangaki ube namava ezinto ezingalindelekile empilweni yakho, kuthi ekugcineni, zibe nomphumela omuhle na? (See Phil. 1:12.) Kumele senze kanjani, ukuba sizuze ukholo kulawomava okuba sithemebele kuNkulunkulu ngezinto lapho kubonakala sengathi abukho ubuhle obuvela kuzo na?

“AbaNgcwele” ERoma

Nasi isibingelo sikaPawule ebandleni laseRoma:”Kubo bonke abaseRoma, abathandiweyo bakaNkulunkulu, ababizelwe ukubaNgcwele: Umusa kini kanye nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu, kanye neNkosi uJesu Kristu” (Rom. 1:7). Yiziphi izimiso zeqiniso, kanye nezokukholwa esingazithathela zona kulamazwi na?

Abathandiweyo bakaNkulunkulu. Nakuba kuyiqiniso ukuthi uNkulunkulu uyalithanda izwe, ngokomqondo okhethekileyo uNkulunkulu uthanda labo abamkhethile Yena, labo abasabele othandweni Lwakhe. Sikubona lokhu emkhakheni wesintu. Sithanda ngendlela ekhethekileyo labo abasithandayo; phakathi kwethu nabo kunothando lwesivumelwano. Uthando lufuna impendulo. Lapho impendulo ingekho, uthando luba nemikhawulo yokuziveza ngokupheleleyo. Babizelwe ukuba ngcwele: Kwezinye izihumusho umusho othi “ukuba” ugqamisiwe, okuchaza ukuthi abahumushi bafake amagama. Kepha leligama lingasala kodwa incazelo ingalahleki. Ngenkathi lisala sithola umusho othi “ababizwa ngabangcwele”; okungukuthi, “baphawulwa ngobungcwele.” Abangcwele yisihumusho sesiGriski esithi hagioi, okungukuthi “abangcwele.” Ukuba ngcwele kuchaza “ukunikelwa.” Ongcwele yilowo “obekelwe eceleni” nguNkulunkulu. Yena Usenokuba nomgamu omude ekungcwalisweni, kodwa iqiniso lokuthi lowomuntu ungokhethe uKristu njengeNkosi yilona elimphawula ngengongcwele, ngokwencazelo yeBhayibheli yalelitemu.

UPawule uthi babe “bizelwe ukubangcwele.” Ngabe lokhu kuchaza ukuthi abanye abantu ababiziwe na? Abase-Efesu 1:4, Heberu 2:9, no-2 Petro 3:9 basisiza kanjani ukuba siqonde ukuthi uPawule uchaza ukuthini na?

Izindaba ezinkulu zevangeli ngezokuthi ukufa kukaKristu kwakwengamele izwe lonke; kwakungokwesintu sonke. Bonke babizelwe ukuba basindiswe Kuye, “babizelwa ukuba ngcwele” nangaphambi kokusekelwa komhlaba. Inhloso kaNkulunkulu yasekuqaleni kwakungeyokuthi sonke isintu Sithole insindiso kuJesu. Umlilo wokugcina wesihogo wawenzelwe uSathane nezingelosi zakhe kuphela (Mat. 25:41). Ukuba abanye abazinikeli kulokho abakunikeziwe akususi isimangaliso sesipho ngaphezu kokuba ukuzila ukudla emakethe kungasusi inala ekhona kuyo.

Nangaphambi kokuba kusekelwe izwe, uNkulunkulu wakubizela usindiso Kuye. Kungani kungamele uvumele nakunye ukuba kukuvimbele ukuba usabele kulolobizo na?

Amakholwa AseRoma

“Okokuqala, ngiyambonga uNkulunkulu wami ngoJesu Kristu ngani nonke, ukuba ukukholwa kwenu kunconywa emhlabeni wonke” (Rom. 1:8).

Akwaziwa ukuthi ibandla laseRoma lasekwa kanjani. Inkolelo yokuthi ibandla lasekwa nguPetro noma nguPawule ayinabo ubufakazi bomlando. Mhlawumbe abashumayeli baliseka, abaguquka ngosuku lwePentekoste eJerusalema (Zenzo 2) abasebeyohlala noma bavakashela eRoma. Noma mhlawumbe ngokuhamba kwesikhathi abaguquka basebeyohlala eRoma bafakaza ngenkolo yabo ekomkhulu lomhlaba. Kuyamangalisa ukuthi eminyakeni engamashumi ambalwa kusukela kwiPentekoste ibandla okubonakala lingazange lithole ukuvakashelwa ngabapostoli laziwe kangaka. “Ngaphandle kwempikiswano, eminyakeni engamashumi amabili ngemuva kokubethelwa kukaKristu kwakunebandla eliphilayo, neliqinisekile eRoma. Lelibandla lalinamandla futhi linentshisekelo, futhi lisebenzela iNkosi.”—Ellen G. White Comments, *The SDA Bible Commentary*, vol. 6, p. 1067. “Ukukholwa” lapha kusenokuba kufaka umqondo obanzi wokukholeka; okungukuthi, ukukholeka endleleni entsha yempilo ababethole kuKristu.

Funda abaseRoma 15:14. UPawule ulichaza kanjani ubandla laseRoma na?

Nazi izinto Ezintathu uPawule azikhethayo njengezifanelikele ukuba ziqashelwe Kumava amaKristu aseRoma:

1. “Ukugcwala ukulunga.” Bangakusho lokhu abantu ngamava ethu na? Lapho behlanganyela nathi, ngabe ngubuningi bokulunga kithi okubadonsayo na?
2. “Bagwaliswa yilo lonke ulwazi.” IBhayibheli ligcizelela ngokuphinda phindiwe ukubaluleka kokukhanyiseleka, ulwazi, kanye nokwazi. AmaKrsitu anxuswa ukuba afunde iBhayibheli futhi azazi kahle Izimfundiso zalo. “amazwi athi, ‘Ngiyakuninikeza futhi Inhliziyo entsha,’ Achaza ukuthi ‘Ngiyakuninikeza ingqondo entsha.’ Inguquko yenhliziyo ihambisana nokuvuma okucacile komsebenzi wobuKristu, ukunqonda iqiniso.”—Ellen G. White, *My Life Today*, p. 24.
3. “Bayakwazi . . . ukululekana.” Akekho ongakhula kwezikamoya ngaphandle kwamanye amakholwa. Siyadinga ukuba sikwazi ukukhuthaza abanye futhi, ngokufanayo, nathi sikhuthazwe ngabanye.

Kangakanani ngebandla lakho na? Linedumela elinjani kwabanye na? Noma, okusemqoka kakhulu, ngabe linalo lelodumela na? Impendulo yakho ikutshelani ngabandla okulona na? Okusemqoka kakhulu, uma kunesidingo, ungasiza kanjani ekulungiseni isimo na?

Cabanga Kabanzi:

Funda u-Ellen G. White, "*The Mysteries of the Bible*," p. 706, in *Testimonies for the Church*, vol. 5; "*Salvation to the Jews*," pp. 372–374, in *The Acts of the Apostles*. Read also *The SDA Bible Dictionary*, p. 922; and *The SDA Bible Commentary*, vol. 6, pp. 467, 468. "Ukusindiswa kwesintu akuwona umphumela wokuzunywa kwezulu noma ukulungisa okudalwa yisimo esingalindelekanga ngemuva kokungena kwesono. Kunalokho, kuqhamuka ohlelweni lwasezulwini lokusindisa umuntu elabekwa ngaphambi kokusekelwa kwalomhlaba (1 Kor. 2:7; Efes. 1:3, 14; 2 Pet. 2:13, 14) futhi lugxiliswe othandweni lwaphakade lukaNkulunkulu ethanda isintu (Jer. 31:3) Lelicebo lengamela iphakade eledlule, umlando wanamuhla, kanye nephakade lakusasa. Lifaka amaqiniso kanye nezibusiso zokukhethwa nokubekelwa ukuba sibe ngabantu bakaNkulunkulu abangcwele futhi abanomfanekiso kaKristu, Ukuhlengwa kanye nokuthethelelwa, ubunye bazo zonke izinto kuKristu, ukuphawulwa ngoMoya oNgcwele, ukwamukela ifa langunaphakade, kanye nokukhazimuliswa (Efes. 1:2-14). Okungumongo wecebo ngukuhlupheka kanye nokufa kukaJesu, okwakungeyona ingozi yomlando noma umphumela wesinqumo sesintu, kodwa kwakusekelwe enhlosweni kaNkulunkulu yokuhlenga (Zenzo 4:27:28). UJesu ngokweqiniso 'wayeyiWundlu elahlatshwa kusukela ekusekelweni kwezwe' (Samb. 13:8, KJV)."—*The Handbook of Seventh-day Adventist Theology (Hagerstown, Md.: Review and Herald Publishing®, 2000)*, pp. 275, 276.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Eklasini xoxani ngokuchaza yi-Protestant Reformation. Cabanga ikakhulu ngalombuzo: Umhlaba wethu ubuyokwehluka kangakanani ukube ayizange ibekhona na?

2. Gxila kakhulu emqondweni wokuthi sabizwa ukuba sisindiswe, ngaphambi kukusekelwa kwezwe (buka u-Titu 1:1, 2; 2 Tim. 1:8, 9). Kungani kumele sikhuthazwe kakhulu yilokhu na? Lokhu kusitshelani ngothando lukaNkulunkulu ngabantu bonke na? Kungani-ke, kuyinhlekele lapho abantu befulathela lokho abakunikezwe ngesihle na?

3. Gxila embuzweni wokugcina wangoLwesine. Iklasi lakho lingalithuthukisa kanjani idumela lebandla, uma kunesidingo na?

Notes